Amacebo okwabelana ngezincwadi nabantwana abancane nezingane ezicathulayo

Ayikho indlela efanele nengafanele yokusebenzisa incwadi nabantwana abancane nezingane ezicathulayo. Kuphathelene kakhulu nendlela enithokozela ngayo isikhathi enisichitha ndawonye nokulandela lokho ezikushoyo ekunqumeni ukuthi yini elandelayo enizoyizama.

Khetha izincwadi eziningi ezahlukene ngolimi lwasekhaya noma ngezilimi zasekhaya zengane yakho, njalo uma ukwazi ukwenza kanjalo. Khetha ezinye izindaba ezinezingane kuzo, kanye nalezo ezimayelana nomndeni nezinto ezijwayelekile ezenzeka nsuku zonke. Izincwadi zemilolozelo neziyizingqwembe zithandwa kakhulu izingane ezicathulayo.

Yiba nezikhathi eziningi zokudlala ngezincwadi futhi ufunde izincwadi ezithandwa yizingane zakho uziphinde, ubuye uziphinde futhi!

Khululeka bese uhlala ngokunethezeka ubeke ingane yakho emathangeni akho, noma eduze kwakho, uma wabelana nayo ngezincwadi.

Yabelanani ngencwadi isikhashana noma isikhathi eside ngendlela nina nobabili enifuna ngayo. Akunandaba ukuthi nifunda isikhathi esingakanani – futhi akudingeki ukuthi nize niqede incwadi!

Khombisa izingane zakho izithombe bese ukhuluma ngemiqondo, abalingiswa nangalokho okwenzeka encwadini. Khomba umuntu othile noma okuthile bese uyasho ukuthi kuyini noma ungubani kanye nalokho akwenzayo.

Buza imibuzo mayelana nalokho okwenzeka encwadini. Yiphendule wena noma uvumele ingane yakho ukuthi iyiphendule, uma ikwazi futhi ifuna ukuyiphendula.

Lalela ngokucophelela lokho okushiwo noma okwenziwa ingane yakho bese wenza okulindelekile. Lokhu kwenza ukuthi okwenzekayo kuhlabe umxhwele kakhulu kinina nobabili futhi kusiza ukuthuthukisa ulimi lwengane.

Khomba amagama ngesikhathi uwafunda. Lokhu kusiza ukuthi ingane yakho ifunde ukuthi ayini amagama nokuthi "avelaphi" amagama owashoyo.

Yenza imisindo yabalingiswa noma izinto ezisencwadini.

Uma ingane yakho ibukeka ingenandaba, ungapheli amandla! Zama ekuhambeni kwesikhathi futhi, noma ngenye indlela – noma uzame enye incwadi.